UKUKHOLWA 03:16

Liyini iBhayibheli futhi kufanele ngani ukuthi ngilifunde?

IBhayibheli yincwadi kaNkulunkulu akhuluma ngayo nathi. Silalela iZwi lakhe sifunde ukuthi ufuna ukuba siphile kanjani. Ngenxa yokuthi iZwi likaNkulunkulu liyaphila, linamandla okusishintsha.

Ukufunda iBhayibheli kungayishintsha impilo yami? Kodwa-ke likhuluma ngani iBhayibheli?

IBhayibheli liyincwadi yomlando, incwadi yomthetho kanye nencwadi egcwele izindaba, izinkondlo, izifundo zempilo kanye namazwi aduduzayo. Ngaphezu kwakho konke liyindaba yothando lukaNkulunkulu kimi nakuwe.

Kodwa njengoba liyincwadi enkulu kangaka, ngiqala kuphi?

Naphezu kokuthi iBhayibheli liyincwadi enkulu kangaka oyoke uyifunde, uqobo lwalo liyiqoqo lezincwadi eziningi. Linezincwadi ezingama-66 sezizonke.

UKUKHOLWA 03:16

Ngeke ngikwazi ukufunda zonke lezi zincwadi empilweni yami yonke!

Khululeka! Vele uzibuke njengomtapo wezincwadi lapho ukhetha khona leyo ofisa ukuyifunda ethubeni elithile. Awuphoqekile ukuzifunda zonke ngesikhathi esisodwa. Okunye ongakwenza ukuzifundela izahluko ezimbalwa nje noma amavesi athile esahluko esithile.




buka

Kodwa-ke, ngenzenjani uma ngingayiqondi into engiyifundayo?

Ungalilahli ithemba kalula nje. Kungcono uqale ngendaba ethile! Uyomangala ukuthola ukuthi kuyobalula kanjani.

Kulungile! Ake sizame!

Make siqale ngendaba yomfana owabaleka ekhaya etholakala encwadini NgokukaLuka 15:11-14a.

**INdodana Yolahleko**

11 Wayesethi: "Umuntu othile wayenamadodana
amabili. 12 Encane yawo yayisithi kuyise:
'Baba, nginike isabelo sefa esiqondene nami;'
wawahlukanisela impahla.
13 "Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi
indodana encane yayisibutha konke, yamuka,
yaya ezweni elikude, yachitha khona imfuyo yayo
ihamba ngokonakala. 14 Isisaphaze konke, kwavela
indlala enkulu kulelo zwe; yaqala ukuswela."

Kwabe sekwenzekani-ke kusuka lapho?

Kungcono uzitholele lokhu! Funda encwadini NgokukaLuka 15:11-32.

UKUKHOLWA 03:16

Ngizokwenza kanjani-ke lokhu? Angazi nokuthi ngingaqalaphi!

Landela isiyalo esitholakala esigabeni esithi “Ukucubungula iBhayibheli”.

Ingabe kulukhuni? Angikaze ngikwenze nanini.

Kunjengokufunda ukugibela ibhayisikili! Unganakile, uzithola usulishwezisa. Manje vula iBhayibheli lakho siqhubeke!

Vula, bheka, funda!

**Ukucubungula iBhayibheli**




buka

Ukucubungula iBhayibheli kuthinta **incwadi**, **isahluko**, kanye **nevesi**. Indlela elula yokufunda, ukuzama ukuthola isibonelo esithile: asivule incwadi **NgokukaLuka 15:11-32**.

Hawu! Imibala ikwenza kubelula kakhulu!

Khumbula, kukhona iTestamente Elidala neTestamente Elisha.

**Isinyathelo 1:**




buka

UKUKHOLWA 03:16

Hlola ikhasi lokuqukethwe elisekuqaleni eBhayibhelini. Bheka incwadi **NgokukaLuka!** IseTestamenteni Elisha. Manje-ke phenya ikhasi elifanele.

Ngalithola!

**Isinyathelo 2:**





buka

Thola inombolo yesahluko – inombolo **egqamile** ekuqaleni kwaleso naleso sigaba. Phenya amakhasi uze ufike **Esahlukweni 15**.

Ngasithola! Ngenzani-ke okulandelayo?

UKUKHOLWA 03:16

**Isinyathelo 3:**




buka

Uyazibona izinombolo ezincane cishe kulowo nalowo mugqa wesigaba?

Ehhe, ngiyazibona!

Lezi zinombolo zikhombisa amavesi. Kulesi sibonelo sifisa ukufunda kusukela **evesini le-14**. Qhubeka ufunde uze ufike **evesini lama-32**. Zinike isikhathi sokwenza lokhu!

Kulungile! Sengiqedile! Lo mfo ungikhumbuza udadewethu! Naye uyadelela ...

Njengamanje yini ofisa ukuyithola?

Manje! Ngiwutholaphi “uBaba wethu osezulwini?”

Ukuze uthole “uMkhuleko weNkosi” bheka incwadi **NgokukaMathewu** ekhasini lokuqukethwe. Yincwadi yokuqala eTestamenteni Elisha. Manje-ke bheka inombolo **6 egqamile**. Manje-ke bheka izinombolo ezincane ezisukela kweyesi **9 uye kweye-13**. Usuyitholile – ke!

Akubanga nzima neze!

Njengoba sewudlule ngempumelelo kulezi zivivinyo ezimbili zokuqala, usufanele ukukwazi ukuthola noma yiyiphi inkomba kunoma yikuyiphi indawo eBhayibhelini. Zicije ngokubheka onke amavesi akuleli bhukwana!

Kulungile! Ngiqala kuphi-ke?

UKUKHOLWA 03:16

Ufuna ukwazi ukuthi konje konke kuqalephi? Funda izahluko ezintathu zokuqala zencwadi uGenesise. Lena yincwadi yokuqala eBhayibhelini kanti itholakala eTestamenteni Elidala. Qala ngeSahluko soku-1 indima yoku-1 uqhubeke uze ufike Esahlukweni sesi-3.

Ingabe kulapho u-Adamu no-Eva bahlangana khona nenyoka?

Yebo, kodwa nawe ungazifundela ngalokhu nokunye okuningi kulezi zahluko.

Ngenzenjani-ke uma ngifuna induduzo nokuqondiswa?

Ake uzame AmaHubo. Ungahle uthole lawo ejwayelekile, njenge Hubo 23 kanye ne Hubo 121.

Ngiyawazi uMkhuleko othi “UJehova unguMalusi Wami ...”!!!

Kuhle-ke! Manje funda uqhubeke.

Njengani nje?

UKUKHOLWA 03:16

Uma ufisa ukwazi kabanzi ngempilo kaJesu nabafundi bakhe, qala ufunde incwadi NgokukaLuka.

Khumbula, izincwadi ezine zokuqala zeTestamente Elisha zibizwa ngokuthi ngamavangeli. Lezi zincwadi zixoxa indaba yempilo kaJesu emhlabeni kusuka ekuqaleni kuya ekugcineni.

Zindaba ezimnandi-ke lezo!

Yiqiniso! Yilokho okuchazwa yigama elithi "iVangeli!" Asiqale ngencwadi NgokukaLuka. Le ncwadi ixoxa indaba yempilo nomsebenzi kaJesu emhlabeni: ukuthi wabasindisa kanjani abantu, ukuthi wabafundisa ukuthini mayelana nombuso kaNkulunkulu kanti igcina ngokubethelwa kwakhe, ngokuvuka kwakhe kwabafileyo nokwenyukela kwakhe ezulwini.

Kodwa mina ngifuna ukwazi ukuthi uJesu wathini!

Funda incwadi NgokukaMathewu izahluko 5, 6 kanye nesesi 7. Kulezi zahluko uJesu usitshela ukuthi kufanele siphile kanjani, ukuthi sifanele ukubaphatha kanjani abanye nanokuthi sifanele sibe nomqondosimo onjani empilweni. Izincwadi NgokukaMathewu, NgokukaMarku naNgokukaJohane nazo zisitshela ngempilo kaJesu emhlabeni.

IBhayibheli lingisiza kanjani empilweni yami yansukuzonke?

IBhayibheli liyincwadi yothando lukaNkulunkulu kithi! Sebenzisa ikhono lakho lokucubungula iBhayibheli ukuze uthole le milayezo yothando.

AmaHubo 36:5-9 – Funda ngokulunga kukaNkulunkulu.
AmaHubo 139:15-16 – Wena ubunjwe yisandla sikaNkulunkulu!
AbaseRoma 8:38 – UNkulunkulu akasidedeli!
1 NgokukaJohane 4:19 – Siyathanda ngoba uNkulunkulu wasithanda kuqala.

UKUKHOLWA 03:16

Yeyi, uthi bewazi nje ukuthi iBhayibheli liwukudla komphefumulo?



buka

Kanjani?

Funda NgokukaJohane 6:35.

Uyakukhumbula konke ukudla osuke wakudla empilweni yakho yonke?

Wobuye uthi uyadlala!

UKUKHOLWA 03:16

Ngaphandle kokudla kwansukuzonke wawungeke ukhule uqinile futhi uhlale uphilile. Kuyafana neBhayibheli. Ungeke ukukhumbule konke osuwake wakuzwa noma wakufunda eZwini. Kodwa umphefumulo wakho wawuyophila ngani uma ulanjiswa ngokweZwi likaNkulunkulu?

Kanti iBhayibheli aligcwele nje imithetho nemiyalo? Nokuthi kwenzekani uma ngiyaphula?

Uthi bewazi nje ukuthi ukulandela imiyalo esiyinikezwa eBhayibhelini kucishe kufane nokudlala umdlalo?

Usho umdlalo onjengebhola lezinyawo nelezandla?

Imiyalo ikhona ukuze inikeze wonke umuntu ithuba empilweni, kodwa futhi iyakuvikela ibuye ikuqondise. UNkulunkulu wasinika imiyalo ukuze asigcine siphephile nokuthi asikhombise ukuthi sifanele siphile kanjani. Bheka ku-Eksodusi 20:3-17 usebenzisa imibala ulandele izinyathelo 1-3!

UKUKHOLWA 03:16

Uma uzodlala, udinga ukufunda imithetho?

Usho kahle! Nali-ke isu uNkulunkulu akwenzele lona.

**U-Eksodusi 20:3**
Umthetho 1:
UNkulunkulu ngaphezu kwakho konke okunye!

**U-Eksodusi 20:4-5**
Umthetho 2:
Ngubani oyisithixo sakho?

**U-Eksodusi 20:7**
Umthetho 3:
Yalusa ulimi lwakho!

**U-Eksodusi 20:8-10**
Umthetho 4:
Phumula ngosuku lwesikhombisa – lokhu kuyaphoqa!

ZZZZ

UKUKHOLWA 03:16

**U-Eksodusi 20:12**
Umthetho 5:
Hlonipha abazali bakho!

**U-Eksodusi 20:13**
Umthetho 6:
Ungabulali!

**U-Eksodusi 20:14**
Umthetho 7:
Gcina ingqondo yakho kanye nomzimba wakho kuhlanzekile!

**U-Eksodusi 20:15**
Umthetho 8:
Ukweba kubi!!

**U-Eksodusi 20:16**
Umthetho 9:
Khuluma iqiniso!

UKUKHOLWA 03:16

**U-Eksodusi 20:17**
Umthetho 10:
Ungabi nomhawu!

Miningi le mithetho!

Ake ufunde incwadi **NgokukaMathewu 22:37-40** lapho uJesu eqoqa khona umthetho!

Konje siyini isono?

Isono sibuke njengokuphambuka noma ukuphosisa! Bheka umthetho **1 KwabaseKorinte 9:24-27**.

Ngakho – ke kusho ukuthi isono sisho ukungadlali umdlalo ngokulandela imithetho?

Ngicabanga kanjalo.
Bheka **NgokukaJohane 3:16-17**.
Esiphambanweni uKristu wachitha igazi lakhe ukuze kuthethelelwe izono zethu. Ukubethelwa kwakhe kusivumela ukuba sibuye siqale kabusha. UNkulunkulu uyasihlanza asuse zonke izono!

UKUKHOLWA 03:16


Uma senza okubi akusho ukuthi kusuke sekuphelile ngathi?

Kunjalo! Yilokho esikubiza ngokuthi kuwukulunga nomusa kaNkulunkulu. Ake ngicacise kanje:

Bheka la mavesi ukuze ubone ukuthi ngiqonde ukuthini.

**AmaHubo 32:1-5**

**NgokukaMathewu 18:21-22**




**2 KwabaseKorinte 2:7** Thethelela abanye.

Kufanele ngilifunde kaningi kangakanani iBhayibheli?

Uma liwukudla komphefumulo, kungcono ulifunde njalo njalo. Uma ufuna ukukhula ekukholweni, kufanele uzikhandle ngakho! Yenza okwenziwa nguJesu:

UKUKHOLWA 03:16

Ekuseni kusemnyama kakhulu, wavuka waphuma, waya endaweni eyihlane, wakhuleka khona.
**NgokukaMarku 1:35**

Qaphela: umakhalephaketheni nethelevishini kungakuphazamisi!

Isixwayiso!
Ukufunda iBhayibheli kungayishintsha impilo yakho!

NjengeZwi likaNkulunkulu, lona libeka imithetho maqondana nokuphila kanti futhi likukhombisa imiphumela yokulalela nokungalaleli.

Uma ngenza okungalungile kusho ukuthi ngingazilimaza futhi ngilimaze nabanye!

Yebo! Kodwa ngaphezu kwalokho, kukunikeza isiqiniseko ngothando lukaNkulunkulu kanye nentethelelo yakhe okungapheli.

**Okuhle nje ukuthi ngesu likaNkulunkulu lomdlalo thina sonke siyaphumelela!**

UKUKHOLWA 03:16

Impela kunjalo!

Khumbula!

Ungumntwana kaNkulunkulu –
**NgokukaJohane 1:12**
UNkulunkulu wanikela ngeNdodana Yakhe ukuze akusindise! – **NgokukaJohane 3:16**
Ningamalungu omzimba kaKristu –
**1 KwabaseKorinte 12:27**
Niphephile ngoba akakho onganahlukanisa nothando lukaNkulunkulu –
**KwabaseRoma 8:35-39**
Ungumuntu othile ngoba uNkulunkulu wakukhetha – **NgokukaJohane 15:16**

Kwakuhle!

UJesu uyisibonelo empilweni yakho ekulandeleni isu likaNkulunkulu!

Ukukukhumbuza nje, ukhiye wensindiso uqukethwe encwadini **NgokukaJohane 3:16**.

**Usizo nesaluleko esivela eBhayibhelini**

| | |
|---|---|
| Isimilo esixegayo | Kwabase-Efesu 5:15-18 |
| Ukucindezeleka emoyeni | KwabaseRoma 8:28-39 |
| Ukufakaza | IzEnzo 1:8 |
| Ukuhleba | Kwabase-Efesu 4:29 |
| Ukukhathazeka | AmaHubo 46 |
| Ukulingwa | 2 KuThimothewu 2:22 |
| Ukuqalekisa | uJakobe 3: 8-9 |
| Ukuthandana | 1 kaPetru 4:8 |
| Ukuthukuthela | Kwabase-Efesu 4:31 |
| Ukwehlulwa ngontanga | IzAga 1:8-19 |
| Umzimba | 1 KwabaseKorinte 6:19-20; 15:35-57 |
| Umzwangedwa | AmaHubo 40:1-3 |

ISBN 978-0-7982-1979-2 (Epub)
ISBN 978-0-7982-1980-8 (Mobi)
ISBN 978-0-7982-1981-5 (PDF)

Published and distributed by the
Bible Society of South Africa.
www.biblesociety.co.za